

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI, UMHLONISHWA
UWILLIES MCHUNU, ENKONZWENI YESIKHUMBUZO SAMALUNGU
OMNDENI WAKWAMNGOMEZULU, ETSHELIMNYAMA EMARIANHILL
MHLAKA 04 NOVEMBER 2010**

Mphathi wohlelo;
Ikhansela lewadi uNkosi Dimba;
Usihlalo wegatsha likaKhongolose uSbongiseni Mnguni;
Ubuholi bonke obukhona;
Abombutho wamaphoyisa;
Abamele ama-CPF;
Abefundisi;
Bese ngokukhethekile ngibingelele abomndeni abangosingaye lapha;
Umphakathi wonke waseTshelimnyama;
Ngithi ngiyanibingelela egameni likaJesu Kristu.

Mangiqale ngokubonga kakhulu emphakathini walapha eTshelimnyama
kuhlanganisa nobuholi bawo ngokuhlela le nkonzo. Bese ngibonga futhi nangako
ukuthi kuthe uma isihleliwe le nkonzo nakwazi ukuphumelela ukuza kuyona
okukhombisa ukuthi benikwazi ukubaluleka kwayo. Kodwa sifisa ukubonga
nakuwona umndeni othintekile ukuthi usivumele ukuba sihlanganyele nawo
ngalesi khathi.

Mina-ke ngisukuma lapha egameni likaHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natal
njengoba sazi ukuthi izigameko ezenzeke kule ndawo nasendaweni
engumakhelwane laphaya eDamini eNtshongweni zithinte izwe lonke.
NjengoNgqongqoshe omele ezokuphepha koMphakathi ngifikile lapha ngelanga
lesigameko ngazobheka lo mndeni ngiqinise idolo nomakhelwane ukuthi
aninodwa.

Nokho-ke siyathanda ukucacisa futhi ukuthi njengohulumeni asikho isigameko sobugebengu esingathinteki ngaso. Izinhlaka zomphakathi zokulwa nobugebengu kanye nawo amaphoyisa kubekelwe kona ukuthi ngeke phela kuze kufike oNgqongqoshe kuzo zonke izehlakalo lapho sikhona khona ukuze kuthiwe uHulumeni uthintekile.

Okusempeleni siyabonga nje ukuthi namhlanje siliholile ithuba lokuthi njengohulumeni enawukhetha ukuthi noma kumnandi noma kubuhlungu, siyohlala sindawonye, futhi sibambane ngezandla noma ngabe kuthiwa isimo sishube kanjani. Futhi sithanda ukugcizelela emphakathini walapha ukuthi cha, kukubi kunjalo makwehliswe imimoya, abantu mabadedele ingalo yomthetho endekazi ukuba ithathe indawo yayo.

Thina-ke lapha KwaZulu-Natal into esivumelana ngayo sonke ngokuthi siyasazi isikhathi esiphuma kusona njengesifundazwe. Izinto ebezenzeka ngesikhathi sodlame ekupheleni kweminyaka yo-1980 nasekuqaleni ko-1990, sizazi kahle sonke – yingane eyazalwa ngaleyominyaka kuphela engeke yasikhumbula isimo esiphuma kusona. Siyazi futhi izimpi ebezikhona zigcine sezakha izigebengu nje okumanje ezinye zisahlupha abantu bakithi lapha ngaphandle.

Manjena-ke kubalulekile ukuthi singuhulumeni wentando yeningi eyalwelwa kanzima kwaphuma imiphfumulo engenacala, sizoqinisekisa umphakathi walapha ukuthi isinkulu indima esihanjiwe nezinhlalelo zokunqanda ubugebengu ngaphansi kwalo Hulumeni. Nalapha nje noma ngabe akukaboshwa muntu, kodwa siyawudlulisa umyalezo kulezo zigebengu ukuthi ayikho impunga yehlathi. Ngelinye ilanga azophela amahlathi okucasha.

Mhlambe sonke sesizwile ukuthi kolwaseNtshongweni udaba sekwenzekeni. Ezinsukwini ezedlule amaphoyisa akwazile ukuthola ebebesolwa ngokubulala kuleya ndawo, kodwa ngenxa yokuthi bebezama ukudubula bebhokise emaphoyiseni, omunye wabo uPhilani “Nkalakatha” Nxele wasala enkundleni.

Umfowabo abefunwa kanye naye uKhetha “Bhejane” Nxele usagcwele amathafa kodwa singameluleka nje ukuthi azinikele emaphoyiseni ngoba vele amahlathi azophela kungekudala. Omunye osolwa kulesi senzo oneminyaka engu-22 waseRichmond uzinikele emaphoyiseni eMgungundlovu kanti ubevele enkantolo yakhona la ePinetown namuhla.

Njengamanje amaphoyisa asabheka ukuthi mhlambe laba basolwa baba nesandla kulesi sehlakalo esihlangene ngaso sakule ndawo. Bakhona nabanye esibafunayo abasagcwele amathafa kodwa esithi kodwa kogcina ingalo yomthetho. Ngingathi nje amaphoyisa enza konke okusemandleni ukuzibamba zonke lezi zigilamkhuba ngoba ngeke umphakathi wakithi uhlalele ovalweni ngenxa yedlanzana lezigilamkhuba.

Sisekhona kulolu daba lwalaba bakwaNxele, sithanda ukuninxusa kakhulu mphakathi ukuthi indaba yokudumisa izigebengu zibizwe ngamagama ahambisana nobuqhawe kumele kuphele manje. Mhlambe lawo magama kumele manje anikwe labo abangamafolosi ekulweni nobugebengu. Sinxusa nentsha yakithi engamantombazane ukuthi ihlukane nomqondo wokuthi uphila kahle uma uthandana nesigebengu. Uma usebenzisa izinto ozinikwa yisoka elizithole ngobugebengu, nawe usuke usuyisona isigebengu uqobo.

Iqhaza lomphakathi

Selokhu kwenzeka lezi zigameko zangesonto eledlule sesikuqinise kakhulu ukusebenza kwamaphoyisa endaweni yaseMariannhill, sandisa isibalo salawo azolokhu ezuluzula ukuqapha isimo. Nokho singuHulumeni asikholelwa ekutheni ukwandisa isibalo samaphoyisa yikhona okungaba yisixazululo kodwa sikholwa wukuthi imiphakathi iyona uqobo okumele iqhamuke nezixazululo.

Izigebengu zizalwa yini khona lapha, zihlala nani futhi uma zenza ubugebengu zibuya sezinemali zizochoma lapha phakathi kwenu, bese zituswa yini.

Sifuna ukuba nina nibe ngamaphoyisa uqobo lwenu ukuze nikwazi ukusithiphisa uma nibona izigebengu bese sizithathela izinyethelo. Niyazazi izigebengu eziyingozi la eTshelimnyama, okubi wukuthi njengoba nizifukamele ningawatsheli amaphoyisa nathi singuMnyango, siyothi mhla isigebengu sesenze into ethinta wena bese kuba yila ukhala.

Bayathanda phela abantu ukuthi bathi kade befukamele isigebengu bese mhla senze okubi sikubhekise ngakubo bakhombe amaphoyisa ngeminwe bethi awawenzi umsebenzi wawo noHulumeni awukwazi ukubavikela. Besho kade besigqume phakathi kwabo.

Sifuna ukuguqula indlela imiphakathi yakithi ecabanga ngayo futhi kumele siqale la eTshelimnyama ukusukuma singumphakathi sakhe isithombe esisha sale ndawo futhi sikubeke kucace ukuthi ayikho indawo yezigebengu la phakathi kwethu. Impi yobugebengu akusiyona nje ekaHulumeni kuphela kodwa idinga thina sonke ukuba sibambisane ukuze sikwazi ukwenza umehluko obonakalayo.

Operation Hlasela

Ngemuva kwesigameko saseNtshongweni sibe nomhlangano ophuthumayo kanye nazo zonke izinhlaka ezahlukeni emphakathini ukuzama ukubheka amasu okukwazi ukunqoba ubugebengu kule ndawo. Sikhathazeke kakhulu singuHulumeni ngendawo yasePinetown kanye nazo zonke izindawo eziyakhele ngokudlanga kobugebengu.

Uma ufuna ukwebiwa kwezimoto kubuzwa la, ukugqezwa kwemizi, wukwebiwa kwempahla kanye nezinye izinhlobo zobugebengu lezi zindawo zalana zihamba phambili. Kulo mhlango bekukhona nobuholi bamaphoyisa esifundazweni, amakhansela, abeSafer Cities, ama-CPF, izinhlaka zobuholi bomdabu kanye namaqembu ezombusazwe. Lolu hlelo esiluqalile sihlose ngalo ukwakha **uMbimbi lokulwa nobugebengu**.

Sibe sesiqoka ithimba kulo mhlango elihlanganisa zonke lezi zihlaka kanti maduze sizosho ukuthi siwuthula nini lo mkhankaso obizwa nge-Operation Hlasela. Uzobe uhambisana nohlelo esizolulandela sonke esihlose ngalo ukuthi sibambisane nazo zonke izihlaka nemiphakathi ukuze sikwazi ukunqoba impi yobugebengu.

Isiphetho

Mangiphethe ngokuthi njengoba kuza isikhathi samaholidi kaKhisimusi sifuna ukuthi kule ndawo kungabi bikho nesisodwa isigameko sokubulawa kwabantu. Lokhu kuyokwenzeka uma nina mphakathi nikwazi ukubambisana namaphoyisa nathi singuHulumeni. Kumele nani ningumphakathi nibumbane ukuze nikwazi ukuzibambela izigebengu kodwa phela ningazithatheli umthetho ngezandla.

Ngasohlangothini lwethu amaphoyisa azokwenza konke okusemandleni ukuba khona abonakale emphakathini kodwa lokho kuphela akwanele, sifuna nina nisebenzisane nathi. Sifisa nokuthi uma kwenzeka nisinikezele ngolwazi lwazo zonke izigebengu enizaziyo kule ndawo ukuze sibe nohlu lwazo khona kuzoba lula ukwazi uma kwenzeka izinto ezifana nalezi ukuthi ngobani abantu abayingozi.

**UMA SISEBENZA NGOKUBAMBISANA SINGAYINQOBA IMPI
YOBUGEBENGU ESIFUNDAZWENI SAKITHI.**

Ngiyabonga.